

## Injwayelo Yenceku



### NgeSabatha Ntambama

#### Kulelviki Funda ku:

Efesu 5:15-17, Kol. 3:23, Luka 12:35-48, Jakobe 4:14, Izenzo 3:21, 1 Kor. 9:24-27.

#### Indimana Yekhanda:

“Insizwa ingayihlanza kanjani indlela yayo na? Ngokuqaphela okwezwi laKho. Ngikufunile ngenhliziyo yami yonke; mangingaphambuki emiyalweni yaKho. Enhliziyweni yami ngiyalonda izwi laKho, ukuze ngongoni Kuwe” (IHubo 119:9-11).

**I**njwayelo yakho itshengisa injongo nendlela oyithathayo empilweni. Izinceku ezinemikhuba emihle yizona ezethembeke kakhulu. UDaniyeli wayenenjwayelo yokuthandaza zonke izinsuku (Dan. 6:10). Injwayelo kaPawulu kwaku ukuba sesinagogeni (Izenzo 17:1, 2). Wabuye wabhala wathi: “Ningakhohliswa, ‘ukujwayelana nababi konakalisa ukuziphatha okuhle’ “ (1 Kor. 15:33). Sidinga ukwakha imikhuba emihle ukuze ithathe indawo yalena emibi.

“Ngabanye ngabanye, sizokuba yileiyonto esiyenziwa yinjwayelo yethu, manje naphakade. Izimpilo zalabo abakha imikhuba emihle, bethembekile ekwenzeni yonke imisebenzi, zizokuba njengezibani ezikhazimulayo, ezinemisebe emhlophe endleleni yabanye.”— Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 4, ikhasi 452.

Umzila owenziwa yinjwayelo iyona ndlela eshesha kakhulu ungayithatha ukuze uzuze umvuzo owufunayo. Injwayelo noma umkhuba, yisinqumo esisegazini. Ngamanye amazwi, awudingi nokucabanga ngaso; uele usenze. Leyo njwayelo noma umkhuba ingaba yinhle kakhulu noma ibe yimbi kakhulu, kuye ngokuthi wenzani. Kulelviki sizobuka imikhuba enamandla engasiza inceku ekuphatheni umsebenzi kaNkulunkulu.

*\*Funda isifundo salelviki ukulungisela iSabatha lika Ndasas 24.*

## Injwayelo: Funa uNkulunkulu Kuqala

Sonke sinezinjwayelo. Nanku umbuzo: Ziluhlobo luni na? Zinhle noma zimbi? Kuzo zonke izinjwayelo ezinhle angaba nazo umKrestu, ukufuna uNkulunkulu kuqala ekuseni, imihla ngemihla iyona ebaluleke kunazo zonke. “Njalo ekuseni zinikele wena, umphefumulo wakho, umzimba wakho, nomoya wakho, kuNkulunkulu. Akha imikhuba yokuzinikela nokwethembela njalonzalo kuMsindisi wakho.”—Ellen G. White, *Mind, Character, and Personality*, vol. 1, ikhasi 15. Sinenjwayelo enjalo, nakanjani singangena “ngesango eliyengcingo” eliholela ekuphileni (Math. 7:14).

UNkulunkulu wathi: “‘Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwaMi’ “ (Eks. 20:3). UJesu ekhuluma maqondana nezidingo-nqangi zethu wathi: “‘funani kuqala umbuso kaNkulunkulu nokulunga kwaKhe’“ (Math. 6:33), futhi sitsheliwe ukuthi: “‘Niyakungifuna, ningifumane uma ningifuna ngenhliziyo yenu yonke’ “ (Jer. 29:13).

**Funda kuMathewu 22:37, 38; Izenzo 17:28; Efesu 5:15-17; nabaseKolose 3:23. Yini eshiwoyo lapha engasisiza siqonde ukuthi singambeka kanjani kuqala ezimpilweni zethu uNkulunkulu na?**

---

Kuzo zonke izibonelo zethu zokufuna uNkulunkulu kuqala, asikho esingcono kunaleso esinguJesu. UJesu wabeka uYise kuqala kunayo yonke into. Siqala ukubona lokhu kuhlela kwaKhe izinto ngokubaluleka kwazo mhla eye eJerusalema emkhosini wephasika eseyingane. Ngesikhathi ethethiswa ngunina owayemthole ethempelini, wathi kuye: “‘Ngifanele ngibe semsebenzini kaBaba’ “ (Luka 4:46, 49).

Empilweni yaKhe yonke, uJesu wayelangazelela ukuxhumana noYise, njengoba sibona umkhuba waKhe wempilo yokuthandaza. Lomkhuba abafundi abazange bawuqonde ngokugcwele. Onke amandla obumnyama awakwazanga ukwehlukanisa uJesu kuYise, ngoba uJesu wakwenza kwaba yinjwayelo ukuhlala exhumene ngokuphelele naYe.

Singasilandela isibonelo sikaJesu ngokuthi senze isinqumo sokuthanda uNkulunkulu ngenhliziyo yethu yonke, ingqondo yonke, nomphefumulo wonke (Math. 22:37). Ngokuthandaza, ukufunda iZwi likaNkulunkulu, nokufuna ukulingisa isimilo sikaJesu kukho konke esikwenzayo, sizokwakha injwayelo yokubeka uNkulunkulu kuqala empilweni yethu. Kanti-ke kumKrestu, yimuphi umkhuba ongcono kunalowo?

**Zibuze lokhu: Ngimenze waba ohamba phambili ngempela yini uNkulunkulu empilweni yami na? Wazi kanjani?**

# Injwayelo: Langazelela Ukubuya KukaJesu

**Funda kuLuka 12:35-48. Lendaba isifundisani ngokuthi sibe nobudlelwane obunjani nokubuya kukaJesu na? Yini indaba konke esikwenzayo kufanele kuthintane nobuqiniso bokubuya kukaJesu na?**

---



---



---

Ubunceku asibuphile njengenjwayelo njengoba uJesu ezobuya nje. Isimilo sezinceku ezingathembekile ezizenza ezethembekile ekugcineni sizokwaziwa ngezenzo zazo; ngoba izinceku eziqinisekile nezithembekile, zenza imisebenzi yazo ngokuqaphela nokusebenza sengathi iNkosi ilapha. Baphilela ingomuso, besebenza ngokwethembeka imihla yonke. “Kepha thina singabombuso wasezulwini, lapho futhi silindela khona ukuba kuvele uMsindisi, iNkosi uJesu Kristu” (Heb. 11:10), noPawulu wayebheke ukubuya kukaKrestu (Heb. 10:25). Babengabantu abacabanga babheke phambili, belindele okungenzeka, behlela, belungele ukuhlangabeza uJesu noma benikwa umzuzwana=nje. Futhi sidinga ukwakha lomkhuba wokubuka kude le, sibheke ukufezwa kwevangeli (Thithu 2:13). Esikhundleni sokulunguza izikhathi ngezikhathi noma ukufunda isiprofetho, sidinga ukuhlala ngokubheka, siqaphe, senze, siqaphele iphakade elisilindele ekufikeni kukaKrestu. Khona manjalo, asigweme ukuqagulisana ngezigameko zesikhathi sokugcina. Isithembiso sokubuya kukaJesu sisinika umhlahlandlela ezimpilweni zethu, lenze sibuke ngokufanele isikhathi samanje, futhi sisizisa sikhumbule okuyikona okubalulekile empilweni. Umkhuba wokulangazelela ukubuya kukaJesu kunika inceku inhloso nokwazi ukuthi ingubani.

Isiphambano sisisicabele indlela yokuthi sihlngane noMsindisi. Sibheka izinkomba ezivezwe eBhayibhelini, ezisikhomba ekubuyeni kukaKrestu ngenkazimulo kaYise nezingelosi (Marko 8:38). “Ngakhoke asigxilisi amehlo ethu kokubonwayo, kodwa kokungabonwayo, njengoba okubonwayo kungokwesikhashana, kodwa okungabonwayo okwaphakade” (2 Kor. 4:18, NIV).

Yebo, ukufa nethunzi lokufa, kufanele kusize njalo ukubona ukuthi ukuphila kwethu lapha kufishane kangakanani, futhi kuyadlula. Kodwa isithembiso sokubuya kukaJesu naso siyasitshengisa ukuthi ukufa nakho okwesikhashana futhi kuyadlula. Akumangalisi-ke ukuthi sifanele ukuphila ngaphansi kwesithembiso sokubuya kukaKrestu, okuyisithembiso okufanele sibe nomthelela endleleni zonke izinceku zamaKrestu okufanele ziphile ngayo. Asikwenze injwayelo ukuphila ngokulindela ukubuya kukaKrestu. Negama lethu uqobo litshengisa ubuqiniso balokho kulindela.

# Injwayelo: Sebenzisa Isikhathi Ngokuhlakanipha

“Ngokuba thina sizelwe izolo, asazi lutho, ngoba imihla yethu emhlabeni iyithunzi”  
“(Jobe 8:9, NKJV).

Ungalimisa iwashi, kodwa hhayi ukuhamba kwesikhathi. Isikhathi asilindi; sihamba njalo noma thina simile singenzi lutho.

**Zisifundisani lezindimana ngesikhathi sethu lapha emhlabeni kulokhu kuphila na? Jakobe 4:14; IHubo 90:10, 12; IHubo 39:4, 5; Umshumayeli 3:6–8. Yimuphi umyalezo oyingqikithi esingawuthatha kulezindimana ngokuthi siyigugu elingakanani isikhathi sethu lapha na?**

Njengoba isikhathi siyivela kancane kangaka-nje, futhi singavuseleleki, kubalulekile ukuthi amaKrestu abe yizinceku ezinhle zaso. Kanjalo-ke asakheni injwayelo yokusebenzisa isikhathi ngokuhlakanipha, ngokugxilisa amehlo kulokho okubalulekile empilweni, bese kuba okulandelayo. Asiphathe isikhathi ngendlela yalokho esikwembulelwe yiZwi likaNkulunkulu ukuthi kubalulekile, ngoba uma-nje isikhathi sesishayile, asivuseleleki. Uma silahlekelwa yimali, singabuye siyithole, mhlawumbe engaphezu kwaleyo ebikade isilahlekele. Akunjalo ngesikhathi. Umzuzwana olahlekile, umzuzwana olahleke ngunaphakade. Bekungaba lula nokubuyisela iqanda elifile egobolondweni lalo kunokuphinda uthole ngisho nomzuzwana wesikhathi esedlule. Kanjalo-ke, isikhathi enye yezinto eziyigugu kakhulu esiziphiwe nguNkulunkulu. Kubaluleke kangakanani-ke ukuthi sibe nenjwayelo yokusebenzisa kahle wonke umzuzu esiwunikiwe! “Isikhathi sethu esikaNkulunkulu. Umzuzu ngamunye owaKhe, thina siphansi kwesibopho esinzima sokusithuthukisela udumo lwaKhe. Kuwo wonke amathalente asinike wona, alikho ayofuna ngalo ukuzilanda okufana nokusetshenziswa kwesikhathi. “Intengo yesikhathi ayinakubalwa. UKrestu wayethatha wonke umzuzu njengoyigugu, nathi asisithathe kanjalo isikhathi. Impilo imfishane kakhulu ukuthi sidlale ngayo. Sinezinsuku ezimbalwa-nje zomusa ukuthi silungisele iphakade. Asinaso isikhathi sokuchitha, isikhathi sokutamasa kobugovu, isikhathi sokuzitika ngesono.”—Ellen G. White, *Christ’s Object Lessons*, ikhasi 342.

**“Ngakho-ke qaphelani ukuthi nihamba ngokuhlakanipha, hhayi njengeziwula kodwa njengabahlakaniphileyo, nithengisise isikhathi, ngokuba izinsuku zimbi” (Efes 5:15, 16, NKJV). Uthini kithina lapha uPawulu, futhi singawasebenzisa kanjani lamazwi kulesimo sethu samanje?**

# Injwayelo: Yiba nomqondo , nomzimba, nomphefumulo ophile kahle

Ekuqaleni sasidalwe sipehelele ngokwasengqondweni, emzimbeni, nasemphefumulweni. Siyazi-ke ukuthi isono senza umonakalo ongakanani. Izindaba ezimnandi zevangeli, phakathi kokunye, ukuthi uNkulunkulu usemgudwini wokubuyisela kithina lokho esasifanele ukuba yikho ekuqaleni.

**Funda Izenzo 3:21 neSambulo 21:1-5. Yiliphi ithemba lethu elitholakala kulezindimana? Masiphile kanjani sisalindele lokhu kubuyiselwa kokugcina na?**

UKrestu wasebenza ngokuzikhandla eselapha ukuze aphakamise abantu ngokomphefumulo, okwengqondo, nangokomzimba, konke lokho kwakukhomba ekubuyiselweni kokugcina ekupheleni komhlaba. Umsebenzi kaJesu wokuphilisa utshengisa ukuthi uNkulunkulu ufuna siphile kahle manje kuze kufike isiphelo. Ngakhoke izinceku zijwayeza izingqondo zazo, imizimba, nemiphefumulo lokho okuzokhuthaza indlela yokuphila enhle. Okokuqala, ingqondo izokhula ngokusetshenziswa. Zejwayeze ukugwalisa ingqondo yakho ngakho “konke okuyiqiniso, konke okuhloniphekayo, konke okulungileyo, konke okumsulwa, konke okuthandekayo, konke okutusekayo” (Filipi 4:8). Imicabango enjena iletha ukuthula (Isaya 26:3), kanti “inhliziyu enokuthula iphilisa umzimba” (Izaga 14:30, NIV). Injwayelo enhle yengqondo ivumela lesizinda samandla ukuba sisebenze phansi kwesimo okuyisona esingcono esingaba khona. Okwesibili, imikhuba emihle yempilo, njengokwelula umzimba nokudla okufanelekile, kutshengisa ukuthi siyazinakekela. Ukuzivocavoca kwehlisa ingcindezi nomfutho wegazi, kwenze ngcono isimo somqondo, kanti kuyikhubalo elivimbela ukuguga ngaphezu kwanoma yini ongayithenga. Okwesithathu, inceku uzokuba nemikhuba emihle yokuvuselela umphefumulo. Phakamisela umphefumulo wakho phezulu kuNkulunkulu (IHubo 86:4, 5) uzithulisele kuYe (IHubo 62:5). Umphefumulo wakho uzobusiseka uma “uhamba eqinisweni” (3 Johane 3) futhi “uyolondolozeka umsulwa ekufikeni kweNkosi uJesu Krestu” (1 Thesa. 5:23, NKJV).

**Cabanga ngohlobo lwemikhuba onayo nokuthi iyithinta kanjani impilo yakho yokukholwa, eyomzimba, neyengqondo. Zikhona yini izinguquko odinga ukuzenza ezingakusiza ukuthi wenze kangcono kweminye yalemikhakha, noma yonke? Ungenza kukhetha kuni futhi zithembiso zini ongazithathela zona ezingakusiza uthuthukise izinga lempilo yakho manje njengoba ulindele ukubuyiselwa kokugcina?**

## Injwayelo: Ukuzikhuza

Ukuzikhuza uphawu lwesimilo olubaluleke kakhulu inceku engase ibe nalo. “Ngokuba uNkulunkulu akasiphanga umoya wobugwala, kepha owamandla, nowothando, nowokuzikhuza” (2 Thim. 1:7). Igama lesiGriki elisho ukuzikhuza, elithi sophronismos, livela lapha kulendimana kuphela eTestamenteni eliSha kanti lihlanganisa ukukwazi ukwenza okudinga ukwenziwa ngengqondo emi kahle, ekhaliphile, engeke igudluke ezimisweni zikaNkulunkulu. Ukuzikhuza kungasisiza “ukwehlukana okuhle kokubi” (Heb. 5:14), siqonde isimo esibhekene naso njengamanje, kodwa sikwazi ukuhlala sipholile, simnene, simelane nengcindezi nokunye okuphazamisayo noma kungaba yini umphumela. UDaniyeli waphikelela kulokho okulungile yize kwakukhona amabhubesi, ngokungefani noSamson owaphila impilo yokuzithokozisa, akaze atshengisa ukuzithiba nokusebenzisa umqondo. UJosefa wenza okulungile endlini kaPotifaro, ngokungefani noSolomon, owakhonza abanye onkulunkulu (1 AmaKhosi 11:4, 5).

**Funda ku 1 Korinte 9:24-27. Uthini lapha uPawulu ngokuzikhuza? Uthi yini ngempela esengcupheni ekugcineni kulolu daba lokuzikhuza na?**

---

“Umhlaba uzinikele ekuzitikeni. Amanga nezinganekwane kugcwele yonke indawo. Izithiyo zikaSathane zokubhubhisa imiphefumulo ziphindaphindiwe. Bonke abafuna ubungcwele obuphelele ngokwesaba uNkulunkulu abafunde izifundo zokuzithiba nokuzikhuza. Ukuthanda ukudla kanye nezinkanuko akube ngaphansi kwamandla angaphezulu engqondo. Lokhu kuzikhuza kuyadingeka ukuze ingqondo ikhaliphe nomphefumulo ube bukhali ukuze uqonde futhi wenze amaqiniso ezwi likaNkulunkulu.”— Ellen G. White, *The Desire of Ages*, ikhasi 101.

Ukuzikhuza kuyathuthuka ngokusetshenziswa njalo. UNkulunkulu unibize ukuba nibe ngcwele kukho konke enikwenzayo” (1 Petru 1:15, NIV) “nokuzejwayeza ukumesaba uNkulunkulu” (1 Thim. 4:7, NIV). Izinceku azizejwayeze, futhi zenze ukuzikhuza njengoba kwenza abezemidlalo abanempumelelo kanye nabaculi. Ngomusa kaNkulunkulu nemizamo yethu, asizithibeni ezintweni ezibalulekile.

**Singafunda kanjani ukunikela konke emandleni kaNkulunkulu, okunguYena Yedwa ongasipha ukuzikhuza esikudingayo ukuze siphile njengezinceku ezethembekile nezikholwayo emhlabeni owile nokhohlakele?**

---

**Ukujula Nomcabango:** U-Enoke noNowa bakwenza kwaba yinjwayelo ukuhamba noNkulunkulu ezizukulwaneni lapho babembalwa ababethembekile phakathi kokuminza, ukuthanda izwe, kanye nodlame Gen. 5:24, 6:9). Babewuqonda futhi bawamukela umusa kaNkulunkulu, ngaleyo ndlela babeyizinceku ezinhle zalokho abanakho nemisebenzi ababephathiswe yona. Kuyo yonke iminyaka, abantu babehamba noNkulunkulu njengoba kwenza u-Enoke noNowa. Isibonelo, uDanyeli nabangane bakhe “babona ukuthi ukuze bame njengamanxusa enkolo yeqiniso phakathi kwezinkolo zamanga zobuhedeni, badinga ukuba nemiqondo ehluzekile, nezimilo zabo zobuKrestu ziphelele. UNkulunkulu uqobo kwakunguYena obafundisayo. Ngokuthandaza njalo, befunda ngokuzimisela, bexhumana nongabonwayo, bahamba noNkulunkulu njengoba kwenza u-Enoke.”—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, ikhasi 486.

“Ukuhamba noNkulunkulu” kuchaza lokho okwenziwa yinceku, okusho ukuphila noNkulunkulu imihla ngemihla emhlabeni. Inceku ehlaniphihle izokwenza kube yinjwayelo ukuhamba noNkulunkulu phakathi kwezwe lenkohlakalo, ngoba kungalokhu kuxhumana noNkulunkulu kuphela lapho singavikeleka khona ekuweleni ebubini obukhona. Ukuba yinceku ethembekile kubandakanya impilo ehlanganisa konke, eqala ngokuvumelana noNkulunkulu (Amos 3:3). Asihambe kuKrestu (Kol. 2:6), Ngokwenziwa busha kwempilo (Rom. 6:4), sihambe ngothando (Efesu 5:2), sihambe ngokuhlakanipha (Kol. 4:5), sihambe ngokweqiniso (IHubo 86:11), sihambe ekukhanyeni (1 Johane 1:7), ngobuqotho (Izaga 19:1), sihambe emthethweni waKhe (Eks. 16:4), ngemisebenzi emihle (Efesu 2:10), ziqine zonke izindlela zethu (Izaga 4:26).

### Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Chaza ukuzithoba, futhi usho indima yokuzithoba empilweni yenceku (Math. 11:29, Efesu 4:2, Filipi 2:3, Jakobe 4:10). Kubaluleke ngani ukuzithoba ohambweni lwethu noNkulunkulu na? (Mika 6:8).
2. Eklasini, khulumani ngezindlela esingasiza ngazo abanye phakathi kwethu ababanjwe emikhubeni emibi neyonakalisa bona uqobo. Ningenzani nina njengebandla ukusiza labantu?
3. Imiphi eminye imikhuba emihle okufanele izinceku ezingamaKrestu zibe nayo na? Bheka kuThithu 2:7, IHubo 119:172, Math. 5:8.
4. Eklasini khulumani ngesikhathi nezimfihlakalo zesikhathi. Yini indaba sengathi siyagijima? Siyazi kodwa ukuthi siyini isikhathi? Okubaluleke kakhulu, kudingeke ngani ukuthi sibe yizinceku ezinhle ngalesikhathi esifishane esinaso sisekulomhlaba na?